# PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>

GRAIN SA
GRAAN SA

UAGASTI
2017

*Incwadi yeGrain SA yabalimi abasakhulayo*


# Umthelela we-*MYCOTOXIN* empilweni yezilwane



Funda ngaphakathi:


04 | **Hlangana nabakhethiwe bethu koka-2017 (Ingxenye 2)**




Ngokufanayo imithelela yayo empilweni yabantu, ama-*mycotoxins* aziwa ngokudala izifo eziningi zezilwane (ama-*mycotoxicoses*) kanye nemithelela emibi yezempilo. Le mithelela iphinde ibe nomthelela omkhulu kwezomnotho wemfuyo nasekudayisweni kokudla kwezilwane.

Onke ama-mycotoxins abalulekile empilweni yabantu (i-*aflotoxin*, i-*fumonisin*, i-*deoxynivalenol*, i-*zearalenone* ne-*ochratoxin A*) nawo abalulekile empilweni yezilwane, kodwa izifo zazo zinomthelela owahlukile kwizimpawu zabantu, kanye naphakathi kwezinhlobo ezahlukene zezilwane (**Ithebula 2**). Imfuyo yezolimo kanye nezilwane ezifuywa ekhaya (amakati, izinja njall) zingaba sengozini ku-*mycotoxins* mhlawumbe ngokudla okuphrosesiwe okuqukethe okusanhlamvu okunukuvbezekile noma eminye imikhiqizo elinywayo, noma ngokudla ifolishi elinomthelela, izikhwebu zommbila ezifeyilile, izinhlanga zeseriyeli enukubezekile kanye nehhoyi ensimini. Amanye ama-mycotoxicoses ezilwane kanye ne-*fungi ehambisana nayo*, nokuvamise ukuhambisana namasimu amadlelo eNingizimu Afrika ama: Ergotism (Claviceps species); i-Stachybotryoxicosis (i-*Stachybotrys*); i-eczema – yobuso (Pithomyces); i-lupinosis (i-*Phomopsis*); kanye ne-*diplodiosis* (i-*Stenocarpella species*).

Embonini yesigayo sommbila eNingizimu Afrika, i-"ukuqoba") i-*milling fraction* isetshenziswa kakhulu ekudleni kwezilwane futhi iqukethe amazinga aphezulu e-*mycotoxins* awo onke ama-milling fractions. Uma ama-*batches* ommbila onukubezeke ngokusezingeni eliphezulu ugaywa, ngakho umphumela "ukuqoba" ama-*fractions* angaba nomphumela obucayi kumthelela wempilo yezilwane uma kungaxutshiwe namanye ama-*batches* anukubezeke kancane noma enye i-*material* engahluziwe. Kaningi, ze-*material* eshibhe kakhulu nenukubezeke kakhulu isetshenziswa ekondleni izilwane ngethemba lokuthi awukho umthelela wesifo ozoqapheleka, ikakhulukazi uma engekho amathesti e-*mycotoxin* enziwe ngethemba lokuthi awukho umthelela wesifo



## UGOGO JANE UTHI...

Isizini entsha isiyasondela manje futhi izobe wenza amasu. Ukulima kwehlukile kwamanye amabhizinisi ngokuthi njalo ngonyaka kufanele uqale phansi futhi (cishe uqala phansi). Lapho ebekade ulime khona isilimo sakho ngonyaka odlule ngeke ulime lutho (mhlambe kune-stover enhlabathini) futhi izobe ilungele izimvula zokuqala zesizini lokho kuzokuvumela ukuba uqale amalungiselelo isizini ezayo.

Abantu abaningi bathole isilimo esihle ngonyaka odlule – kulo nyaka yisiqalo esisha futhi uma uzophumelela futhi kuzodingeka wenze yonke into ngendlela efanele futhi. Khumbula ukuthenga inani likamanyolo ofanele, uhlobo lwembewu olufanele indawo yakho, kodwa impi yokhula ayisoze yaphela. Lesi yisikhathi esibalulekile sesizini yokukhiqiza isilimo sakho njengoba izinqumo ozithathayo manje zizokuba nomthelela omkhulu kusilimo sakho. Zama ukuthatha izinqumo ezifanele nakuba lokho kuzokudalela umsebenzi omningi, nokungahle kwandise izindleko – ungathola umvuzo ngokwengeza ukutshala kwakho.

Ukuthola isivuno esihle ngempela sommbila kube kuhle ngezindlela eziningi – umndeni wakho uthole ukudla, ungakwazi ukudayisa okusele kanti futhi imfuyo yakho oyifuyile izokondleka kangcono. Kepha, uzothola izaziso ezithi uma isilimo sisiningi kakhulu amanani entengo iyehla – lona umphumela 'yesaplayi nedimandi'. Uma into iyincane, abantu bayakulungela ukuyikhokhela kakhulu – uma kukhona okusele, intengo iyehla ngoba ababaningi abantu abayidingayo (njengoba bengayithenga kalula kwenye indawo). Singafunda izifundo ezinhle kulokhu – khanda ubudlelwano nemakethe yakho endaweni, saplaya ikhwalithi ephezulu njalo, xoxisana ngamanani entengo ngasekuqaleni kwesizini (uma kwenzeka), futhi ucabange ngokutshala ezinye izilimo. Ubhontshisi owomile uvamise ukuba yinto enhle abangayikhetha abalimi abancane njengoba kuhlale kunedimandi enkulu kabhontshisi kanti nentengo yawo yinhle. Ungakhohlwa ukuthi abathengi badinga ukudla okunhlobonhlobo futhi ungabasaplaya ngohla lwakho.

Ngenkathi kusathule epulazini, kungaba kuhle uma ungathamela izifundo zokuqeqesha nemihlangano yama-study group ukuze uthole ulwazi – uma unolwazi oluningi, uzokwenza kangcono! Sikufisela isizini ebusisekile.

# Umthelela we-*Mycotoxin* empilweni yezilwane

***Ithebula 1:** I-United States* **Food and Drug Administration** *(i-***FDA***) izeluleko zamazinga esamba se-***Fumonisin** *ne-***Deoxynivalenol** *ekudleni kwezilwane.*


| | Uhlobo lwezilwane | Izithako zokudla nezingxenye zedayethi | Amazinga ommbila nemikhiqizo ommbila | Amazinga ekudleni okuqediwe |
|---|---|---|---|---|
| ***I-Fumonisin (i-FB)*** | Amahhashi, izimbongolo nonogwaja | Ummbila nomkhiqizo wommbila ungedluli ku-20% wedayethi | u-*5 ppm* | u-*1 ppm* |
| | Izingulube ne-*catfish* | Ummbila nomkhiqizo wommbila ungadluli ku-50% wedayethi | u-*20 ppm* | u-*10 ppm* |
| | Ukufuya izilwane ezetshisayo, ukufuya izinkukhu* | Ummbila nemikhiqizo yommbila ungadluli ku-50% wedayethi | u-*30 ppm* | u-*15 ppm* |
| | Izilwane ezetshisayo ezinezinyanga ezintathu nangaphezulu ezikhuliselwa ukuhlatshwa | Ummbila nemikhiqizo yommbila ungadluli ku-50% wedayethi | u-*60 ppm* | u-*30 ppm* |
| | Izinkukhu ezikhuliselwa ukuhlatshwa | Ummbila nemikhiqizo yommbila ungadluli ku-50% wedayethi | u-*100 ppm* | u-*50 ppm* |
| | Zonke ezinye izinhlobo noma izinhlobo zemfuyo nezilwane zasekhaya | Ummbila nomkhiqizo yommbila ungadluli ku-50% wedayethi | u-*10 ppm* | u-*5 ppm* |
| ***I-Deoxynivalenol* (*i-DON*)** | Inyama yezilwane ezetshisayo nezinkomo ezondliwayo ezingaphezulu kwezinyanga ezine ubudala | Okusanhlamvu nomkhiqizo wokusanhlamvu ungadluli ku-50% wedayethi | u-*10 ppm* | u-*5 ppm* |
| | Izinkukhu | Okusanhlamvu nomkhiqizo wokusanhlamvu ungadluli ku-50% wedayethi | u-*10 ppm* | u-*5 ppm* |
| | Izingulube | Okusanhlamvu nomkhiqizo wokusanhlamvu ungadluli ku-20% we dayethi | u-*5 ppm* | u-*1 ppm* |
| | Nazo zonke ezinye izilwane | Okusanhlamvu nomkhiqizo wokusanhlamvu ungadluli ku-40% we dayethi | u-*5 ppm* | u-*2 ppm* |

**Okufaka phakathi izinkomo ezikhiqiza ubisi nezikhukhukazi ezizalela amaqanda adliwa abantu; u-ppm = ama- parts per million; Ayikho imihlahlandlela ye-FDA ekhona ye-Zearalenone*

ozobonakala, ikakhulukazi uma angekho amathesti e-*mycotoxin* enziwe ku-*material* eluhlaza, njengokusanhlamvu okuthengwe kwamanye amazwe okushibhile. Lokhu kuvamise ukuholela ekufeni kwezilwane masinyane emkhiqizweni ofana nokudla kwezinja okuphrosesiwe.

Izilwane ezisengozini yokudla okunukubezekile kungaholela ebucayini noma ezifeni ezingapheli okungaba nomthelela ekuzalaneni kwemfuyo. Kwezinye izikhathi, izimpawu zesifo nomthelela ofihlekile futhi ingaze ibonakale emva kwesikhathi ngamaphethini aguquliwe okukhula, ukukhiqizwa okunciphisiwe nokuzalana, kanye nokushesha uzwele kwezinye izifo ezithelelanayo. Isizinda lapho kwenzeka khona ama-mycotoxins ahlukene ukudla

MADE POSSIBLE BY THE MAIZE TRUST



okuqediwe (ama-*batches* ahlukene e-*material* engahluziwe ukukhiqiza umkhiqizo wokugcina), yikho okukhathaza kakhulu njengoba lokhu kungenza umthelela wesengezo esithile sento phecelezi i-*additive* nokudala ukuthi kube nzima kakhulu ukuhlonza i-mycotoxicoses.

Imfuyo esengcupheni enkulu ku-*mycotoxins* yizingulube ukuya ku-*deoxynivalenol* namahhashi ukuya ku-*fumonisn*, kanti okwenzeka ngokuhlanganyela kwale-mycotoxins kungaba nemithelela ebucayi kakhulu kuzo zombili lezi zinhlobo zezilwane. Amazinga okwelulekwa ahlelwe yi-*United States Food and Drugs Administration (i-FDA*) i-*fumonisin* ne-*deoxynivalenol* kuvumelekile emhlabeni jikelele nemboni yokudla kwezilwane eNingizimu Afrika ukuvikela imfuyo ebungozini be-*mycotoxin* (**kufingqiwe kuThebula 1**).


Ku-athikhili yethu ezayo naku-athikhili yokugcina kuloluchungechunge, sizobe sigxile ezindleleni zokunciphisa ubungozi be-mycotoxin kubantu nasezilwaneni. Kepha, nokho kutholekele ukuthi ezimeni eziningi uma usebenza nge-*mycotoxicoses* yezilwane, indlela esheshayo nengcono kakhulu yokuhlehlisa ezimo eziningi zezifo ukumisa ngokushesha ukudla okusolisayo kwidayethi yezilwaneni ezithelelekile, noma ukususa lezo zilwane ensimini okungenzeka ukuthi iqukethe ifolishi noma izinsalela zezikhwebu zommbila ezinukubezekile.

Njengoba kungelula ukubhekana ngodaba lwe-*mycotoxin* ngokugcwele kule-athikhili, kungcono ukuthi uthintane ne-*veterinarian*, noma u-ofisa wehhovisi eleluliwe noma ababhali bale-athikhili ukuze uthole imininingwane egcwele ngezifo zezilwane ezithile nezimpawu ezingahle zixhumane ne-*mycotoxins*.

***I-athikhili ibhalwe ngu-HM Burger no-P Rheeder, abe-Mycotoxicology ne-Chemoprevention Research Group, i-*Institute of Biomedical and Microbial Biotechnology (IBMB)*, e-Cape Peninsula University of Technology (CPUT). Uma ufuna imininingwa egcwele, thumela i-meyili ku-*Burgerh@cput.ac.za* noma ku-*RheederJP@cput.ac.za*.***

***Ithebula 2: Isamari yama-*mycotoxins *ayisihlanu abalulekile kanye nomthelela wawo empilweni yezilwane.***

| I-*Mycotoxin* | Izilwane ezihambisanayo | Izifo zezilwane nomthelela kwezempilo |
|---|---|---|
| I-*Aflatoxin* (i-*AF*) | • Izinyoni: Idada, igalikhuni, inkwali, ichwane lenkukhu, izinkukhu ezindala, isigwaca<br>• Izilwane ezincelisayo: Amachwane engulube, ingulube yensikazi emithi, inja, inkonyane, inkomo endala, imvu, ikati, inkawu<br>• Inhlanzi<br>• Izilwane zaseLebhu | • Kwandisa ukufa kwemfuyo<br>• Isifo sesibindi esicucayi<br>• I-cirrhosis yesibindi nomdlavuza<br>• I-*Stunting*<br>• Ingcindezi yamasosha omzimba<br>• I-*Genotoxic* ne-*carcinogenic* |
| I-*Ochratoxin* A (i-*OTA*) | • Izingulube<br>• Inja<br>• Amagundane aseLebhu (ibuzi, igundane) | • I-*Necrosis renal tubules* ne-*periportal liver cells*<br>• I-*Nephritis*, ne-*carcinogenic*<br>• I-*Nephrotoxic*, i-*teratogenic*<br>• I-*Immunotoxic* mhlawumbe ne-*neurotoxic* |
| I-*Deoxynivalenol* (*i-DON)* | • Izingulube<br>• Izinkomo<br>• Izinkukhu<br>• Igalikhuni<br>• Ihhashi<br>• Inja<br>• Ikati<br>• Amagundane aseLebhu | • Umthelela obucayi wesisu<br>• I-*Immuno-modulation*<br>• I-*Growth stunting*<br>• Izinkinga zokuzala<br>• I-*Immunotoxic*<br>• I-*Haematotoxic*<br>• Ukunqaba ukudla nokwehla kwesisindo |
| I-*Zearalenone (i-ZEA*) | • Izingulube<br>• Izinkomo zobisi<br>• Izinkukhu<br>• Amagalikhuni<br>• Amazinyane<br>• Amagundane aseLebhu<br>• Iginiphigi | • Izinkinga zezitho zokuzala nokuzala<br>• Izenzo ze-*non-steroidal oestrogen*<br>• Kunganciphisa ikuvunda (ukuhlakazeka kwe-*endocrine*) |
| *Fumonisin* (i-*FB*) | • Ihhashi, imbongolo<br>• Izingulube<br>• Izilwane zaseLebhu | • I-Equine leucoencephalomalacia (isifo sokuba "nembobo ekhanda")<br>• I-*porcine pulmonary oedema*<br>• Inso, i-*toxicoses* yesibindi nomdlavuza |



## Pula Imvula's Quote of the Month

*The real opportunity for success lies within the person and not in the job.*

~ Zig Ziglar



# Hlangana nabakhethiwe bethu koka-2017 (Ingxenye 2)

Oshicilelweleni lwePula Imvula ka-Julayi sethula ama-*Subsistence* nama-*Smallholder* akhethelwe umncintiswano wonyaka ka-2017 i-*Grain SA Developing Farmer* Yonyaka. Kulolushicilelo sizogxila ku-*Potential New Era* nabakhethelwe owe-*New Era*. NgoSepthemba sizonitshela ukuthi obani abayishumi nambili abafinyelele kowamanqamu, futhi ngoNovemba kuzomenyezelwa abane abawinile.

> *It isn't the farm that makes the farmer – it's the love, hard work and character.*
> *– Unknown*

## Abakhethelwe owe-*New Era Commercial*





### UMoferefere Jacob Komako – eFreystata

KuJacob ukulima yinto akhula nayo. Ujabulela iphunga nomsindo wokulima ngisho noma impilo yakhe ekuqaleni yambhekisa kwezinye izindawo, kwakufanele ukuba le ndoda eneminyaka engama-69 ubudala ibuyele enhlabathini eyithanda kakhulu.

Wafunda esikoleni esasisepulazini lapho abazali bakhe babesebenza khona futhi ngemuva kokuphothula iBanga 4 watshelwa ukuthi isikhathi sokudlala siphelile nokuthi kufanele ajoyine abasebenzi. Emva kweminyaka eyi-15 uJacob walifulathela ipulazi wayofuna impilo engcono.

Wasuka ekusebenzeni njengombumbi wezitina waba umnikazi wethaveni kodwa ngo-1991, wakwazi ukubuyela kwezolimo. Kulokhu akazange abe umsebenzi kodwa waba umnikazi wepulazi i-Driefontein. Wathenga ipulazi ngemalimboleko ayithatha e-Land Bank kodwa ngokushesha wabona ukuthi ngaphandle kwemali edingekayo azoqala ngayo nemishini kuzohlala kungumqansa wempi enzima.

Emva kweminyaka yomzabalazo nokuphazamiseka, uJacob wahlangana noJohan Kriel we-*Grain SA* nalapho waqala ukuhambela imihlangano ye-*study group* nezifundo zokuqeqesha. I-*Grain SA* yamvula amehlo futhi manje eseyakwazi ukuba engatshali ngokwendlela yesiSotho, kodwa atshale ngendlela efanele. Kule sizini ulime u-*220 ha* ommbila emhlabathini ewomile, u-150 *ha* kabhontshisi owomile no-20 ha ommbila i-*Reid maize* futhi ulindele isivuno esihle kakhulu.

UJacob ubona ukuthi isimo sabalimi abamhlophe eNingizimu Afrika siguqukile sesisingcono futhi uyakholwa ukuthi i-*Grain SA* inomthelela kulokho.



## U-Remember Wiseman Mthethwa – KwaZulu-Natal

Ngo-1984 u-Remember waqala ukusebenza emayini yezimbiwa i-DNC epulazini i-Lilly Dale. Wayesebenza kakhulu ngemishini futhi kwaba yilapho uthando lwezolimo lwaqala khona.

Waqala ukutshala ngesikhathi sakhe nemali yakhe elondoloziwe ekulimeni izitshalo nasekuthengeni imfuyo, enephupho lukuba ngelinye ilanga abe nepulazi lakhe. Iphupho lakhe lafezeka njengoba manje usenepulazi elingama-662 ha i-Milindale futhi uqashe u-150 ha womhlaba ozimele eduze kwase-*Dannhauser*.

U-Remember wezwa nge-*Grain SA* ngo-2014 kodwa wajoyina ngo-2015 futhi uyilungu elikhuthele le-*Newcastle B29 Study Group* enomeluleki uChris de Jager.

Kule sizini, watshala u-55 *ha* ommbila i-*Reid* futhi ufisa ukukhula nokuba umlimi omkhulu ongenisa inzuzo phecelezi i-*mega commercial*. Uyathanda ukwabelana ngolwazi lwakhe aphinde azame ukufakela abanye abantu ugqozi ukuze nabo bazibandakanye kwezolimo.



## USimon Sello Teffo – eGauteng

Uthando lwezolimo kuSimon lwaqala ngenkathi, esengumfanyana omncane kakhulu, esiza uyise epulazini elincane e-Hammanskraal. Kodwa uSimon wabe eyindoda ehlakaniphile futhi emuva kokuphothula iBanga 12 wenza izifundo ze-*Civil Engeneering eTshwane University of Technology*. Wasebenza kulephrofeshini iminyaka waze wabizwa yiwo umhlaba ngo-2006.

Wathola ipulazi i-Doornfontein esifundeni i-Randfontein kuMnyango weZolimo futhi ekuqaleni wazama ukulima ngokwetoho kodwa ngokushesha wabona ukuthi ukulima yibhizinisi langempela nelidinga ukuba alinake ngokugcwele.

Emva kokuhlangana no-Jane McPherson ngo-2014, uSimon wasayina waba yilungu le-*Grain SA*. Masinyane emva kwalokho wakhethwa waba usihlalo we-*Randfontein 28 Study Group*. Waqala ngokutshala u-120 *ha* ommbila eminyakeni emibili edlule, futhi ukhombisa ukukhula okuyisimanga ngokulima u-535 *ha* kule sizini. USimon utshala ummbila emhlabathini owomile futhi ummbila wakhe ubukeka kahle uma uqhathaniswa nowabalimi abangenisa inzuzo abaseduze kwakhe.

Unenhlinziyo enhle kakhulu njengoba ekwazi ukusiza ekufukuleni umphakathi wase Eland-fontein ngokuwufundisa ukutshala nokusebenza emasimini abo. Uphinde anikeze izingubo nezimpahla zokudlala izingane eziswele zesikole samabanga aphansi i-*Rodora Primary School*.

Ukuba yilungu le-*Grain SA 500 Ton Club*, uSimon uphokophelele ukuthatha isicoco sika-2017 *New Era Commercial Farmer* yoNyaka.



## UVuyani Lolwane – eNyakatho neNtshonalanga

Esengumfanyana omncane, izikhathi ayezithanda kakhulu uVuyani yilezo zikhathi uyise ayemthatha ngazo ehambe naye emihlanganweni yabalima ama-*study group*. Uyise wayengumlimi omncane futhi babehlala eBapong Village eGelukspan.

Waphumelela iBanga 12 ngo-2003 futhi wayosebenzela i-SANDF kusukela ngo-2005 kwaze kwaba ngo-2010. Ngeshwa, uyise kaVuyani wadlula emhlabeni naye wabe eseba ngumlimi ngokuphelele ngo-2011. UVuyani manje unepulazi iKlippan kanti futhi urenta umhlaba eLareystryd.

UVuyani utshala emhlabeni owomile noniselwayo ummbila nokolo, ujikanelanga, ubhontshisi owomile nobhali. Ube yilungu le-*Grain SA* iminyaka ethamela izinsuku zabalimi nemihlangano yama-*study group* kanti futhi usephothule izifundo eziningi zokuqeqeshwa.

Izinhlelo zakhe zekusasa zibandakanya ukwehlukana nokuzuza, ngokuhlanganyela i-*value chain* aze aliqede. Ukhuluma nge-*feedlot*, isilaha, amayunithi aphrosesa ukudla futhi akuthumele eBotswana naseLesotho.

Ezweni lapho i-avareji yeminyaka yabalimi ingaphezulu kwama-60, le nsizwa esencane ezinikele ithembekile kule mboni kanti futhi uyisibonelo esihle kakhulu kwabanye abalimi abasebancane.

# Hlangana nabakhethiwe bethu koka-2017 (Ingxenye 2) – *New Era Commercial*



## U-Edwin Thulo Mahlatsi – eFreystata

U-Edwin wazalelwa ukuba umlimi. Wasebenza waphinda wahlala kulo leli pulazi abazali bakhe abasebenza kulo impilo yakhe yonke futhi ngenxa yobudlelwano obuhle phakathi kwakhe nabasebenzi bakhe, lokho kwamsiza wathenga ipulazi ngo-2012.

Ipulazi i-Swartlaagte lathengwa ku-Frikkie Rautenbach lithengelwa u-Edwin nguMnyango wezokuThuthukiswa kwezindawo eziseMakhaya nokwaBiwa kabuSha koMhlaba i-PLAS. UFrikkie naye wanikeza u-Edwin ugandaganda nama-*impliment* futhi wamsiza nangama-*input*. Ukuqondisisa kwaba ukuthi u-Edwin uzozisebenzela izindleko zalokhu eminyakeni embalwa ezayo.

Ngeshwa, u-Frikkie washona ngo-2014 futhi ama-*impliment* asetshenziswa u-Edwin agcina esebuyela efeni. U-Edwin wasala engenamali engenayo, engasenawo nama-*impliment* isingekho nemali yokukhiqiza.

Ngo-2014 waba yilungu le-*Grain SA Farmer Development Programme* futhi wajoyina i-*Bothaville Study group* ethamela nezinsuku zabalimi nezifundo zokuqeqesha. I-*Grain SA* yamethula kubuchwepheshe obusha, amasaplaya ama-*input* kanye nasezikhungweni zezimali – lokho kwayiguqula impilo yakhe. Ngaphandle kwesomiso sika-2015/2016, u-Edwin wakwazi ukuvuna amathani angama-250 ommbila kanye nokukhokhelwa umshwalense ngomonakalo owadalwa yisichotho wathola imali eyi-esksesi eyisigidi samarandi ngonyaka odlule.

Ngosizo lwe-*Grain SA*, u-Edwin wazithengela uhlobo lwe-Isuzu Bakhi entsha ceke – le ndoda eneminyaka engama-75 ubudala iyaqala ukuba nemoto entsha!

# Abakhethelwe I-*Potential Commercial*





## UTshediso Daniel Maqala – eFreystata

Eminyakeni emithathu edlule uTshediso oneminyaka engama-55 ubudala wathuthuka esuka ekubeni umlimi omncane onama-615 *ha*, wakhiqiza amathani angama-500 okusanhlamvu kulo nyaka.

Wazalelwa futhi wakhulela epulazini kanti waba umsebenzi wasepulazini kulo njalo lelo pulazi emva kokudlula emhlabeni kukayise ngenkathi eneminyaka eyi-15 ubudala. KuTshediso ukulima wayekufanisa nobunzima futhi yingakho agcina esezama ukuzifunela impilo engcono ngokuba ashiye ahambe ayozithathela izincwadi zokushyela wabe esebenza njengomshayeli.

Wayehlala njalo ephupha ngokuba nomhlaba wakhe futhi ngo-2005 lokhu kwaphenduka iqiniso kuye ngenkathi ethenga ipulazi iKosmos elingu-197 ha, esifundeni i-Ficksburg. Waphinde wathola ipulazi elingama-326 *ha* e-*Die Hoop* ngohlelo lwe-*PLAS* futhi manje uvuleleke emhlabeni wokulima ungama-200 amahektha.

Ukulima akubanga yinto elula ku-Tshediso, waba nobunzima iminyaka waze wajoyina i-*Grain SA* ngo-2014. Wathamela ama-*study groups* kanye nezinsuku zabalimi kanti ulwazi lwakhe olusha aluthola lwamsiza ukuba avune amathani kakolo ayi-168 ngo-2017. UTshediso unamandla okukhwalifayela u-250 noma ngisho isitifiketi sika-500 *Ton Club* kulo nyaka.



## UTebalo Elias Makubo – eFreystata

UTebalo yinsizwa esencane, esebenza kanzima eyathola iziqu futhi yasebenza ezinkampanini zomhlaba ngaphambi kokuba ajoyine uyise ngo-2012 epulazini lomndeni eliseduze kwase-Kestell.

Wayelokhu efuna ukuba umlimi futhi kwaphela iminyaka emibili uyise emfundisa yonke into ayaziyo ngokulima. Uyise futhi wamfundisa ukuba alandele iphupho lakhe kanti ngo-2013 warenta umhlaba kubaba wakhe futhi kwabe sekuba uye olima ezingenisa inzuzo.

Ngo-2012 uTebalo wajoyina i-*Grain SA Farmer Development Programme* nalapho waba yilungu elikhuthele le-*Kestell Study Group*. Le nsizwa yakhula ngendlela emangazayo ngaphansi komeluleki ozinikele wethimba le-*Grain SA*. Ulima ummbila, ukolo, isoya nobhontshisi owomile emhlabeni wokulima ongu-130 *ha* isivuno sakhe saba ngcono kakhulu kusukela aba yilungu.

UTebalo unethemba ngekusasa lezolimo eNingizimu Afrika futhi ezolimo uzibheka njengendlela ezosindisa izwe lethu. Uyaxwayisa ngokuthi abantu abalambile bayohlala bangabantu abalambile.



## UPaul Mvelekweni Malindi – eFreystata

Ezolimo zazihlezi zisegazini ku-Paul oneminyaka engama-48. Wakhulela epulazini lapho abazali bakhe bobabili babengabasebenzi kulo nango-2012 u-Paul wathola ithuba lokuphindela enhlabathini. Wathola ipulazi i-Dankbaar elingu-441 *ha*, elisondelene ne-Edenville, nokohlelo lwe-*PLAS*.

Ngawo lowo nyaka, u-Paul wajoyina i-*Grain SA Farmer Development Programme* futhi waba omunye wamalungu asungula i-*Edenville Study Group*. Kwamthatha iminyaka embalwa u-Paul ukubona ukuthi ayikho indlela enqamulelayo kwezolimo nokuthi izinto kufanele zenziwe ngendlela efanele noma zingenziwa sanhlobo.

Manje urenta umhlaba wokudlisa izinkomo futhi uselime u-140 *ha* kajikanelanga no-180 ha wommbila kulesizini. Ukuzimbandakanya kwakhe ngenkuthalo ku-*study group* nokuthamela kwakhe izinsuku zabalimi kube nomthelela omkhulu kuye. U-Paul manje useyalusebenzisa ulwazi alutholile futhi useyaziqhenya ngokuba umlimi ophumelelayo.

Into yokuqala ku-Paul ukunakekela umndeni wakhe nabasebenzi. Ukholelwa emakhonweni akhe kanye nekusasa leNingizimu Afrika emkhakheni wezolimo.



## UKhovhogo Philemon Manenzhe – eFreystata

Naku uPhilemon azalelwa elokishini lase-Sasolburg, wakhulela eVenda, lapha ayehlala khona nogogo bakhe. Yilapho afunda khona ukuthi uma usebenza kanzima enhlabathini noNkulunkulu elinisa izulu, ungaphila impilo enhle ngezolimo.

Waphumelela iBanga 12 futhi waphindela eSasolburg eyophothula izifundo zakhe zemfundo ephakeme. Emva kokusebenza eSasol iminyaka embalwa, uPhelemon wasungula inkampani yakhe yezokwakha. Le ndoda, ngenxa yomqondo wayo kwezamabhizinisi, yatshala imali ekuzameni ukufuya izinkomo. Ubelokhu azi ukuthi ngandlela thize, uzoba nomhlaba wakhe lapha engakwazi khona ukulima izilimo zakhe futhi adlise nezinkomo zakhe.

Ngonyaka ka-2010 amaphupho afezeka futhi wanikezwa ipulazi i-*Burmingham* elisesifundeni iSasolburg. Lelipulazi lingu-665 *ha* kanti u-350 *ha* walo usesimeni sokuba umhlaba omuhle wokulima. Ngenxa yokweswela impahla yokulima nolwazi oluncane, waqala ngokurentisa umhlaba wakhe wokulima ngokwe-*share crop* kumakhelwane wakhe, u-Louis Claassen.

Ngo-2014 i-Grain SA yaqala i-*study group* eDeneysville noPhilemon wajoyina masinyane. Njengelungu elikhuthele, wathamela izifundo eziningi zokuqeqesha nezinsuku zabalimi. Ngenxa yalokho, ulime u-120 *ha* ommbila ngokwakhe futhi isilimo sibukeka sithembisa ngempela.

PULA IMVULA

*Ithimba labahleli*

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN
Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
▸ 08600 47246 ◂
▸ Fax: 051 430 7574 ◂ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU
***Jane McPherson***
▸ 082 854 7171 ◂ jane@grainsa.co.za

UMHLELI
UKWABA
***Liana Stroebel***
▸ 084 264 1422 ◂ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE
NOKUSHICILELA
***Infoworks***
▸ 018 468 2716 ◂ www.infoworks.biz

IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:
***IsiZulu,***
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

*Uhlelo lweGrain SA*
*LokuThuthukisa amaFama*

ABAQONDISI BENTUTHUKO
***Johan Kriel***
Free State (Ladybrand)
▸ 079 497 4294 ◂ johank@grainsa.co.za
▸ Office: 051 924 1099 ◂ Dimakatso Nyambose

***Jerry Mthombothi***
Mpumalanga (Nelspruit)
▸ 084 604 0549 ◂ jerry@grainsa.co.za
▸ Office: 013 755 4575 ◂ Nonhlanhla Sithole

***Jurie Mentz***
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
▸ 082 354 5749 ◂ jurie@grainsa.co.za
▸ Office: 034 907 5040 ◂ Sydwell Nkosi

***Graeme Engelbrecht***
KwaZulu-Natal (Louwsburg)
▸ 082 650 93157 ◂ graeme@grainsa.co.za
▸ Office: 012 816 8069 ◂ Sydwell Nkosi

***Luke Collier***
Eastern Cape (Kokstad)
▸ 083 730 9408 ◂ goshenfarming@gmail.com
▸ Office: 039 727 5749 ◂ Luthando Diko


***Liana Stroebel***
Western Cape (Paarl)
▸ 084 264 1422 ◂ liana@grainsa.co.za
▸ Office: 012 816 8057 ◂ Hailey Ehrenreich

***Du Toit van der Westhuizen***
North West (Lichtenburg)
▸ 082 877 6749 ◂ dutoit@grainsa.co.za
▸ Office: 012 816 8038 ◂ Lebo Mogatlanyane

***Sinelizwi Fakade***
Mthatha
▸ 071 519 4192 ◂ sinelizwifakade@grainsa.co.za
▸ Office: 012 816 8077 ◂ Cwayita Mpotyi



**Articles written by independent writers are the views of the writer and not of Grain SA.**


THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST




# Hlangana nabakhethiwe bethu koka-2017 (Ingxenye 2) – Abakhethelwe I-*Potential Commercial*



## UDoki Isaac Moleleki – eNyakatho neNtshonalanga

U-Isaac oneminyaka engama-46 ubudala wazalwa futhi wakhulela eSigodini saseMogossane eduze kwaseMafikeng. Uthando lwakhe lwemhlaba waluncela kumkhulu wakhe, yiyo futhi le ndoda eyamkhuthaza u-Isaac ukuzibandakanye nezolimo.

Urente u-416 *ha* womhlaba wokulima epulazini i-Klippan. Phambilini impumelelo yakhe yancipha kakhulu kwezolimo ngenxa yokweswela ulwazi nesimo sesomiso esikhulu. Umxhasi ka-Isaac wezimali wamethula kwa-Grain SA ngonyaka odlule naye wajoyina masinyane futhi waba yilungu waphinde waba yilungu le*Vrichgewacht 28 Study Group*.

Utshale u-106 *ha* ommbila olinywa emhlabathini owomile no-310 *ha* kajikanelanga kulonyaka kanye nezimvula ezinhle u-Isaac ulindele ukuvuna isivuno esihle kakhulu ukwedlula ake wasivuna. Le ndoda inephupho lokuba umlimi ongenisa inzuzo ophumelelayo nophinde anikeze izingane zakhe imfundo enhle.



## URuben Mothlabane – eFreystata

U-Ruben wasebenza epulazini likamalume wakhe emva kokuphothula ngempumelelo iBanga 12 futhi wathola idiploma kwezokuPhathwa kwamaBhizinisi phecelezi i-*Business Management*. Wakufunda ngomdlandla konke ayekufundiswa ngumalume wakhe futhi wasebenza iminyaka embalwa, ngaleso sikhathi elangazelela ukuba nelakhe ipulazi.

Ngo-2011, ngokwe-PLAS, wafaka isicelo sepulazi iKalkpan esigodini i-Bultfontein. Ukweswela imali yokukhiqiza, ukusekela nempahla kwaphoqa uRuben ukuba aye kwezokubambisana nabalimi bendawo futhi arentise ngomhlaba wakhe enze i-*share crop* okuhlelelwe phambilini.

Njengoba ekhula ngokuzithemba nolwazi, icebo lakhe ukubuyisa kakhulu umhlaba wakhe ezozilimela yena kuwo. Esikhathini esiseduze esizayo, u-Ruben uhlose ukulima izilimo zakhe futhi enze leli pulazi lizimele isikhathi eside, libe nezimali zalo, futhi libe yisikhungo esingenisa inzuzo yomnotho.

U-Ruben ubeyilungu le-*Grain SA* kusukela ngo-2012 futhi ngokuzinikela wethamela imihlangano ye-*study group* nyangazonke i-*Bultfontein Study Group*. Usephothule izifundo eziningi futhi ngokushesha, uzothuthuka abe umlimi ongenisa inzuzo ayicabangayo.


**Laba abakhethiwe abalandelani nge-oda ethile.**



***I-athikhili ibhalwe ngu-Hanlie du Plessis, Umbhali ozisebenzayo. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-hanlieduplessis@telkomsa.net.***